

# PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



*Grain SA/Sasol photo competition – Tiani Claassen*

## ULWAZI LOKULIMA LUNGAMANDLA

**K**UPHELILE UKUVUNA...KODWA UMSEBENZI WETHU AWUPHELILE! YONKE IPHROJEKTHI INOMJIKELEZO WAYO KUNJALO KE NASEMISEBENZINI YETHU YAMASIZINI EPULAZINI. UMA UHLELA UKUTHI EKUQALENI KWESIZINI UTSHALE INSIMU YOKUSANHLAMVU OKUZODLIWA NE/NOMA OKWENZUZO, EMPELENI USUKE UQALA IPHROJEKTHI ENTSHA.

Inqubo yokuphathwa kwePhrojekthi yesizini ka-2018/2019 akukapheli kuze kube wonke umsebenzi wokugcina uthikhwe ukuthi wenziwe, kanye nokuqapha nokuhlaziywe emva kokuvuna sekwenziwe. Empeleni, ake-kho umlimi ofuna ukuqala isizini entsha ngaphandle kokwenza ucwaniango Iwephrojekthi yokugcina ngokucophelela. Ngenye into ukwenza

*U-Jenny Mathews, umbhaleni wePula Imvula. Thumela i-imayili  
ku-jenjonmat@gmail.com*



ipulane; kodwa ngokunye ukuyisebenza nokwenza isiqiniseko sokuthi iyasebenza. Ukulawula ibhizinisi lakho lokulima kubalulekile nokucubungula nokulinganisa kuyakusiza ekutheni ubone inqubekelaphambili ukuthi iyenzeka yini noma uma kufanele ukulungise.



## IZWI LIKA...

### Johan Kriel

SIZINI KA-2018/2019 BEYINZIMA KAKHULU. IMVULA AYI-ZANGE INE ISIKHATHI SOKUTSHALA SADLULA KANCANE KANCANE. MANJALO LANAIZULU. IMIFULA NEMIFUDLANA YAGOBHOZA, AMADAMU AGCWALA FUTHI ACHICHIMA. ISITHWATHWA ASIZANGE SIBE KHONA. UMHLABA WE-ZOLIMO UYATHUSA FUTHI UYAMANGALISA. ASIKHO ISIZUNGU.

Balimi phakamisani amehlo, niguqe ngamadolo nimborge uNkulunkulu wenu ngethuba eniphe lona lokusebenza ngenhabathi. Inhlabathi yiphathe ngenhoniphlo kanti yona izokunika okuphindaphindiwe.

Le mibono engifuna ukunabela wona, ibhalwe ku-*clipboard* encane engayithola nge-Farmers Day. Ine-Bayer nama-logo e-Grain SA. Ibizwa: NgaMabhloksi okwakha **INZUZO**.

**1. Ukuhlela:** Izinqumo zami zanamuha ngingazibeka kuphi? Isuse inhliyo ezinqumeni zemali. Vumela ingqondo yakho kube yiyo eholayo ungayivumeli inhliyio. Ingcindezi (kwezezimali) ingakupoqa utatazele futhi ungasakwazi ukugxila.

**2. UKulima kwenzeka ngeziyngi:** Ngabe ngiyahambisana nomqqumo webhizinisi lam? Ebhayibhelini. Umshumayeli 3, kubhalive ukuthi: Kukho konke kukhona isikhathhi, kukhona isikhathhi sokutshala, isikhathhi sokuvuna njal. Lungisa inhlabathi yakho kusenesikhathhi. Tshala ngesikhathhi. Fafaza ngesikhathhi. Uvune ngesikhathhi. Nhlanganisa inkunzi nezinkomanzi ngesikhathhi. Yisuse ngesikhathhi inkunzi. Lumula ebeleni ngesikhathhi. Dayisa uma amanani entengo elungile. Thola i-golden equilibrium yepulazi lakho bese unamatheka kuyo.

**3. Gxila ekupetekeni:** Ngabe ibhizinisi lakho limi ngemilenze emingakhi? Ungawafaki onke amaqanda akho esikhwameni esisodwa. Zimisele ngokusebenzia ubuchwepeshe obusha kodwa kuhela uma uqondisa. ungakwazi ukuyithenga, futhi izokwengeza i-value ebhizinisini lakho. Buza lo mbuzo: Ngabe yini engikwazi ukuyenza kahle? Namathela kuyo kodwa uyenze kangcono.

**4. Ukubambisana:** Ngingabakhetha kanjani ophathina bami? Abantu abangisekelayo, ama-input, amasaplaya, izikhungo ezibolekisa ngemali, abantu abathile engichitha nabo isikhathhi. Hlukanisa phakathi komculo nomsindo. Khumbula ukuthi kulula ukukhuluma. Izenzo zikhuluma kakhulu kunamagama. Konke kumayelana nokungeza i-value yangempela ebhizinisini lakho.

**5. Ubuholbo:** Nhloboni yefa engilishiye ngemuva? Ngabe umhlaba ngiushiye uyindawo engcono noma ngiwushiye ngikonile lokho engakunikwa ngokwethenjwa ukuba ngikusebenzise? Ngabe ngimele ukusebenza kanzima, ngokwethembeka, ubuqotho, uthando nenhoniphlo emhlabeni engilima kuwo? Ngabe ngibaphathe kanjani abantu abaseduze nami? Ngabe konke bekumayelana nokuzinotthisa mina, noma ngabe ikhona indlela encane engenze ngayo ngcono ikhwalithi nempilo yabasebenzi bami, umndeni nomakhelwane?

Ukulima kungaphezelu kokusebenza emasimini. UKulima yisipho esisipeshe-li, esinikezwu abakhethiwe abambalwa. Kukuwena: Umnikazi womhlaba, umkhiqizi wokudla, ibhunu, umqashi, ogogo nomkhulu, abazali, u-plaaskind, ukuqhubeke nokondla umhlaba, ukusebenzia umhlaba ngokuzinikela, uwulungisele isizukulwane esilandelayo kangcono. Uyisikhathhi esedlule, ungumzali nekusasa. UNkulunkulu akubusise futhi akugcine uphephile.

## Ulwazi lokulima...

Lokhu 'kilawula' kulawulwa nezinqubo ezibalulekile ezifana nokunakeke-la okuphathekayo kwamathuluzi akho izinsiza kusebenza, ukugcinwa kwamarekhodi emikhakha yonke yebhizinisi nokuhlaziya nokulungisa lapho kudingeka khona ukuqinisekisa ukuzimelela kwebhizinisi.

### IMISEBEZI EBALULEKILE YOMLIMI EKUPHELENI KOKUVUNA

#### Ukumakethwa kokusanhlamu nendawo yokukugcina

Umsebenzi awugcini ngosuku lokugcina lokuvuna ummbila, kaningi yilapho uhlangothi lwephemprojekthi luqala khona. Umlimi kufanele ahlole isivuno aphide enze izinqumo mayelana nokumaketha nokulondolozwa kwesivuno. Ngabe uyazi ukuthi ukulahlekewa okukhulu kakhulu okwenzeka emazweni asathuthuka ngenxa yokulahlekewa okwenzeka emuva kokuvuna?

Nakuba ummbila ungacincwa isikhathi esithile ungaphosesiwe ongonakali, kufanele igcinwe uphephile emagundaneni nasezinambuzaneni futhi kufanele uvikelwe kuswakama. Uma okusanhlamu kwavunwa kungomile ngokwanele kuyakhunta noma uma kuthole umswakama omningi noma kube manzi ngenxa yokugcinvwa ngendlela enganakekelele. Umthelela we-fungal uzodala ukubola nokuba khona kwe-aflatoxins ewushevemfuywene nengadala izinkinga ezinkulu empilweni yabantu. Ubungozi bokugcina ekhaya kudingeka kwensiwe isilinganiso sezindleko zokugcina ummbila ku-silo lapho okusanhlamu bekugcina khona ngokuphephile.



*Ulwazi ukuba namandla futhi lungaphoqa ukuba ulalelw. Indoda enolwazi empilweni yayo ingenza abantu bayilalele futhi bayilande iphinde inconwyne futhi ihlonishwe noma ingasekho emhlabeni.*

*Khumbula ukuthi ilwazi lungumbusi kanti umcebo umlandeli walo. – Ubuhlakani baseNdulo*



#### Ukuphathwa kwensimu

Ubawavakashela amasimini akho. Ngabe uzyoidedela imfuyo yakho izidlele amahlanga ensimi yakho noma okusele uzokusebeniza ukwakha isimo esinempilo senhlabathi yakho? Uma ungeke uvusebenzise ummbila osele i-stover kuhona ubungozi bokuba umoya uphephethi izinhlanga zakho zihambe, ngakho kufanele okungenani uwufake i-diski, ukuze kungamosheki. Uphinde uhlole impilo yenhlabathi usebenzise amasu owafundile kanye namazinga omswakama, ukwenza amasampula enhlabathi kanye nesistimu yokucwaninga ibhange lokhula. Isinqumo esilandelayo ensimini kuzoba futhi ukuthi uzoyiphatha kahle kangakanani insimu yakho.

#### Ukunakekela – ukugcina amathuluzi ngokuphepha

Thatha isikhathhi ulondoloze noma usevise yonke impahla yakho obekade uyisebenzia ngesikhathhi uvuna. Ogandaganda bazodinga ukuseviswa nokuhlanzwa. Impahla yakhoyokuvuna idinga ukuhlanzwa, igriswe futhi ilondolozwa ngokucophelela uze uyidinge ngokulandelayo. Kungaba kuhle ukuba usale usuqala uhlelo lokunakekela emva kokuvuna njengoba izinkinga ohlangabezane nazo usuke zisenzintsha engqondweni yakho futhi ungakwazi ukulungisa izindawo ezibuthakathaka. Gcina irekhodi lephrogremu yokunakekela kwakho ukuze uhlale wazi kahle ukuthi imoto noma ama-implimenti yaseviswa nini.

#### Ukuhlaziya – izifundo ezifundiwe

Ngenxa yokuthi ukulima kuboshelwe emnyakazweni wamasizini, ukuphathwa kwephmekprojekthi kunezinselelo. Kujwayelekile ukuba umlimi

esaqedela imisebenzi yenze isizini abe eqala imisebenzi yesizini elandelayo.

Kusengakapheli ukudayisa isilimo futhi usekhathazeka nge-mali yokuthenga ama-*input* esizini elandelayo, ukulungiselela amasimu noku-oda ama-*input* omjikelezo olandelayo. Kulula ukuvele ungene uqhubeke nemisebenzi yesizini entsha bese uyilibalwa inqubo EBALULEKILE yoKUHLAZIYA NOKUHLOLA emva komjikelezo ngamunye. Ukwenza lokhu ukuzifaka enkigeni futhu kungamholela ogibeni lwasikweledu umlimi.

Amarekhodi agcinelewa izizathu ezintathu ezibalulekile:

1. Ukulunganisa umsebenzi.
2. Ukuqondisa izinqumo zangesikhathi esiayo.
3. Ukuunikeza idatha eqonde ngqo. Amarekhodi kufanele aveze amandla ebhizinisi lakho futhi asize ukubona ubuthakathaka obudinga ukulungiswa.

Amarekhodi amahle okufanele ipulazi libe nawo:

- Inhoso;
- Agcineke kalula; futhi
- Abe sesimwensi esibukeziwe.

## YINI OKUFANELE SIYIREKHODE?

Isikali sangempela se-value yanoma yimuphi umholi webhizini nokupaththa komsebenzi kwensiwe!

- **Amarekhodi ezimali** – lolu ulwazi okudingeka ulunikeze abagcinimabhuku bakho. Lo Iwazi luzokunika umqondo wenzozo yakho yonke ngemuva kwsikhathi eside.
- **I-cash analysis book** – lapho ubheka khona onke amaresidi nezindleko.
- Uhla Iwezikweleti nemali **nabakhokhile phecelezi debtors and creditors** – lokhu kuzokukhumbuza masinyane ukuthi ubani okukweleta imali – kanye nomkweletayo imali.
- **Ama-Valuations** – kudingeka siyazi i-value ye-asethi nganyi-nye emabhukwini ethu. Lokhu kufaka phakathi umhlaba, izimoto, ogandaganda nama-implimenti imfuyo nezilimo ezingadasiwe.
- **Ama-Enterprise outputs** – leli yirekhodi le-financial ouput yesilimo ngasinye noma ibhizini lemfuyo omjikelezo ngamunye ngokwawo. Lo Iwazi lusiza umlimi ukuba ayibone inzuko yomsebenzi ngamunye owehlukile wokulima futhi lapho uzonquma ukuthi ngabe kufanele yini ukuba uqhubekele phambili nakho.
- **Izindleko zebhizinisi** – kumele wazi kahle ukuthi kubiza malini ukutshala ihektha lommbila noma ukukhulisa izinkukhu zenyama ngokugcina inani lemali oyisebenzisile kuleyo phrekthi ngesikhathi salowo mklamo.
- **Izindleko zokusebenza** – akulula ukwenza okuyikho nse, kodwa kudingeka uhlole ukupaththa kwabasebenzi, umsebenzi nezindleko bese ubuza imibuso ngekhono lokusebenzisa isikhathi. Ngabe abasebenzi bakho basetshenzisa ngokwecqile, noma basetshenzisa kancane nokuthi futhi ngabe baholelwaa ngokufanele ukusebenza kwabo?
- **Izindleko zemishini** – gcina ibhuku lerekhodi lomshini wakho ngamunye. Yazi i-value yavo yangaleso sikhathi (khumbula ukubala ukwehla kwawo ngonyaka). Rekhoda izindleko zokukhanda futhi uhlaziye uphethiloli oseshenzisiwe uma lokho kuhlobene. Lokhu kungakuqwashisa ekusebenziseni imali ngokwecqile nangezinkinga okudingeka uziqaphele.



*Qedela amarekhodi onyaka okuwo kuqala.*



*Nakekela impahla yakho njalo.*

- **Irehodi lemfuyo** – gcina irekhodi lenyanga ngenyanga eliqonde nse lemfuyo yakho yonke, bhala phansi ezelwe nedayiswe, bhala irekhodi lokufile nokudasiwe. Amarekhodi okuzalanisa azokusiza ukulandela indlela eziqhuba ngayo izinkomo zakhlo, ngalokho uzokwazi ukuthi yiziphi ezihamba phambili, nokuthi yiziphi okufanele uzinciphiswe.
- **Izivuno zezilimo** – kumele wazi ukuthi yiziphi izilimo ezikhiqiza izivuno /ha. Lokhu ukwenzela ukuba ubone inzuko isilimo ngasinye.
- **Amarekhodi ensimu namarekhodi okujikelezisa** – gcina i-logbook yezilimo ezitshalwa ensimini ngayinye ukuze ube nomlando. Bhala phansi inqubo isib. amaphrogremu egeja, i-diski, i-ripha, isifutho nokuvunda kulandelwe njalo. Ukurekhoda izinsuku zokutshala kanye nesivuno ositholayo.

Uma uzihlomisa ngemininingwane yowlazi mayelana nemisebenzi yakho kukutshala, unamandla okwenza izinqumo eziphusile ukuphubekela phambili. Zenzele ifeva futhi uthathe indlela yokupaththa kwephrokthi emisebenzini yakho yokutshala – kungakhathalekile ukuthi inkulu kangakanani noma incane kangakanani. Kuthiwa ulwazi lubaluleke kakulu ukwedlula imali – ulwazi alusoze lwasikwelela umuntu kuwe – ulwazi lungamandla! ■

# UKUBHEKA IZIMAKETHE ZOMMBILA WAKHO

E ATHIKHILI IZOBHEKA KAFUSHANE IZIMAKETHE ZOMMBILA EMHLABENI WONKE NEZAKULELI NGOKUGXILA ESILINGANISWENI SESINE SOMKHI-QIZO.




**U-Ikageng Maluleke, i-Junior Economist,  
yakwa-*Grain SA*. Thumela i-imeyili  
ku-Ikageng@grainsa.co.za**

## UMBONO EMHLABENI WONKE

Umkhqiqizo wommbila ka-2019 kulindeleke ukuba ukhule ngo-2,3%, emva kokwehla ngo-1,9% ngo-2018, ngenxa yomfutho ofakwe ukwanda komkhqiqizo e-Argentina, eBrazil nase-US (**Igrafu 1**). Ngenxa yokuqhube ka-kokukhula kwedimandi yokudla emhlabeni, ukusetshe-nzisa kommbila ngo-2019/2020 kulindeleke ukuba isilinganiso sedlule isigaba serekhodi ngo-1,7%.

Kuyaqala ngqa esikhathini esingangeminyaka emibili, ukuthi silindele ukuncipha okulinganiselwa ku-1,6% kowhebo lommbila ka-Juni/Agasti 2019/2020, ikakhulukazi ngokuncipha e-EU, emva kokwenza irekhodi lokuthenga ngo-20/18/2019. Amazinga esitoko sokuvala emhlabeni ka-2019 kulindeleke ukuba sehle ngo-5%, ngengqubekela phambili yokushona phansi e-China ebalelw ekweheleni kakhulu kanye nokubikezel ka-kokwehla kohlu lwamanani empahla okufanele ithengwe e-USA.

### 1 Isaplayi nedimandi yommbila emhlabeni.



Umthombo: AMIS, 2019

\*(2018/2019: Izilinganiso; 2019/2020: Ukubikezel)

## UMBONO WAKULELI


Ngokombiko wesine wekomidi *i-Crop Estimates*, **isamba somkhqiqizo wommbila** kulindeleke ukuthi sibe u-10,9 wezigidi zamathani no-5,48 wezigidi zamathani ommbila omhlophe kanye no-5,41 wezigidi zamathani ommbila ophuzi. Uma kuqhathaniswa nokwehla kwesilinganiso sesithathu lokhu kuzokwenyuka ngo-244 900 kwamathani noma u-3,81% no-0,81% ukwenyuka kommbila omhlophe nakophuzi jikelele. Isilinganiso sendawo sika-2019 sime ku-2, 30 wezigidi zamahektha sisami ku-2,30 wezigidi zamahektha uma kuqhathaniswa no-2,31 wamahektha ngo-2018, nesivuno esilindelekile, nesivuno sika-4,74 t/ha.

**Isamba sedimandi** yommbila kubhekeke ukuba u-11,95 wezigidi zamathani wakuleli nozothunyelwa kwamanye amazwe, nesamba sedimandi elinganiselwa ku-10,93 wezigidi zamathani. Lokhu ikakhulukazi kufaka phakathi outhengwa abantu (5,19 wezigidi zamathani), izilwane kanye nozothengwa yizimboni (5,48 wezigidi zamathani), i-gristing (23 500 wamathani) kanye nokulindeleke ukuba uthunyelwe kwamanye amazwe ongamathani ayi-800 000 wamathani ommbila ophuzi kanye no-220 000 wamathani omkhqiqizo ophrosesiwe.

**Isitoko sokuvala** ngomhla ka-30 Ephreli 2020 kulindeleke ukuthi kube u-1,46 wezigidi zamathani. Nomthamo weavareji yokuphrosesa ka-891 000 wamathani ngenyanga, sizoba cishe nezinsuku ezilinganiselwa ezinsukwini ezingama-50 zama-supplai azobhekana nezwe uma kwenzeleka kuba khona ukuphazamiseka kwamasaplayi.

**Amanani entengo yommbila kuleli:** Amanani entengo yommbila ophuzi adayisa emazingeni aphakathi kothengwa amazweni angaphandle nothunyelwa emazweni angaphandle, kodwa okusondele kakhulu kulokhu (**Igrafu 2**). Njengoba irandi liqhubeka nokuphelelw amandla nama-nani entengo yommbila azokhuphuka. Amanani entengo yommbila ale sizini ku-Safex asengcono kunangesikhathi esedlule ikakhulukazi ngenxa yezimo zesomiso ngesikhathi sesizini yokutshala. ■

### 2 Amanani entengo e-USA ommbila ophuzi odilivwe eRandfontein.



Umthombo: I-Grain SA, 2019

(\*Amafiga kusukela ngomhla ka-30 Meyi 2019)

# Lawula ubungozi bokuguquka kweklayimethi

**U**KUGUQUKA KWEKLAYIMETHI? YEBO, IYENZEKA NGEMPELA FUTHI IZOBIA NOMKHULU UMTHELELA KITHINA SONKE, NGISHO NAKUBALIMI BETHU.

Ngeshwa, lo mbiko ugcizelela ukuthi amakhono abalimi bethu okupatha azovivinywa ikakhulukazi ikakhulukazi nokuphila njengabalimi. Nakho, lokhu kuyinhlanganisela yezinye izibonakalo zebhizini lethu lokulima nazo eziguqukayo, okufana nokumaketha, izidingo zabathengi nabakuthandayo. Okuknye kwakho sixoxe ngako kwamanye ama athikhili. Umlayezo ucace bha – ukuba umlimi kuyinselelo enkulu.

## UKUPHATHWA KWEZINGUQUKO ZEKLAYIMETHI

Inhoso yale athikhili akukhona ukuxoxa kabanzi ngoguquko lweklayimethi kodwa ukucizelela kakhulu kubaphathi ngoguquko lweklayimethi. Asimane sigcizelela ukuthi into esivumelana ngayo ukuthi uguquko lweklayimethi luhkona. Ngabe yini eshintshayo? Zonke izibikezelo ziayazikhombisa ukuthi iNingizimu Afrika izoshisa kakhulu futhi amazinga okushisa a-avareji futhi ayenuka. Isivuvu sizovamisa ukwenzeka, lokhu kuzodala ukusha komlilo wamadlelo okuzoba yimvama. Izwe lethulizokoma kakhulu futhi sizohlaselwa isomiso, izishingishane, isichotho, izikhukhula kakhulu noku-nye. Okuhle ukuthi besilokhu sihlangabenza nakho lokhu eNingizimu Afrika – ushintsho esizolubona ukuthi lezi zehlakalo zizokwenzeka ngobuningi futhi zwuhlobo olubucayi kakhulu.

Iningizimu Afrika vele iyizwe elomile futhi ukulawula izinsiza za-manzi kuzoba yinselelo enkulu futhi kuzofanelu senze ngcono futhi songe inhlabathi yethu (umhlaba) ezizovumela ukwenza ngcono ukungena kancane kancane kwamanzi.

## NGABE YINI ENGENZIWA?

Asenze okuphathekayo futhi sicabange ngezinyathelo ezingathathwa emapulazini ethu ukudambisa ubucayi bezinguquko zeklayimethi. Amapulazi ehlukene nezfunda zehlukene eNingizimu Afrika. Sinethemba lokuthi lemibono izosebenza njengesikhuthazi futhi iqoqe imininingwane eminingi ukube silawule ukuguquka kweklayimethi – yileyo ke inselelo.

Okokuqala, jikelele zimbalwa izinyathelo okufanele uzcabange. Esisodwa sezinyathelo ezibalulekile ongasithatha ukupeda izindonga ukuze kulawulwe ukugeleza kwamanzi. Udonga umphumela wamaizi agelezayo engalawulwa futhi uma aseke aqala, ukugeleza kwavo kuyadlondlobala. Sebeniza amatshe, amathayi, kanye neziqo zezihlahla noma izincingo eziyi-mesh zokumba zifakwe amatshe ukunciphisa ukugeleza kwamanzi. Ungawuvumeli umgwaqo ube udonga – lawula ukugeleza kwamanzi ngokufaka imisele yokuhambisa amanzi esigangeni.

Zama ukukhava amadamu amancane njengoba idamu elinomshini wokudonsa amanzi unciphisa ukuhwamuka kwamanzi. Zama ukukhongozela amanzi emvula kakhulu ophahleni lwezindlu niwafake emathangeni i-Jo-Jo. Amanzi awuthombo olushabalalayo. Yonga iconsi ngeconsi.

**U-Marius Greyling, umbhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili  
ku-mariusg@mcgacc.co.za**



Bheka ukuthi unezicishamlilo ezifanele nezanele nokuthi ulandele yonke imithetho nemigomo yokucisha umlilo. Izikhotha ezishile zinezimila ezincane ezikhulayo kuze kube zibuyele esimeni ukuba zilawule amanzi agelezayo.

Mayelana nokukhiqizwa kwezilimo jikelele, hlela futhi ulungise umhlaba wakho noma uqale umhlaba/izithalo ngokwemidabula yepulazi lakho. Futhi ukhande imisele efanele yokuhambisa amanzi. Lokhu kuzokuvumela ukuba ukwazi ukulawula ukugeleza kwamanzi. Khumbula, ngokwezibikezelo zonke zemvula enezishingishane zizovama futhi zibe bucayi kakhulu eniNgingizimu Afrika, bese kuba nezhukhula. Ngakho ke, ukulawulwa kwamanzi agelezayo kuzodinga ukunakwa okukhulu kakhulu. Yenza ngcono ukuhlanzwu kwamanzi emhlabeni wakho ngokusebenzisa indlela yokulima ngokonga njengethileji *e-minimum* nezilimo eziyisembozo. Ngaphandle kokwenza ngcono impilo yenhlabathi ziphinde zeze ngcono ukungena kwamanzi kancane kancane enhlabathini kanye nokumumathwa namandla okumumatheka. Khetha izilimo ezikwaziyo kakhulu ukumelana nesomiso utshale zona.

Uma ungumlimi wemfuyo kakhulu kufanele ulime ngemfuyo ukwaziyo ukushintsha nesimo sepulazi nendawo okuyo. Khetha izilwane ezincane nezikwaziyo ukujwayelayo emhlanjini wakho. Okunye futhi kufanele ulime ngokwesilinganiso somthamo wepulazi nendawo yakho. Ukudlise edlelwani ngokweqile ngesinye sezizathu ezibalulekile esidala izindonga. Iztishalo ezemboza kangcono ithafa, zinciphisa ukugeleza kwamanzi. Ukuqhubeuka nokudlisa kunciphisa isembozo sezitshalo ngokuhamba kjesikhathi. Kufanele kusetsheziswe isistimu elungele yedlelo kuniweza ithafa isikhathi sokuhluma.

Njengoba isimonhlalo sendawo sifudumala kungcono ubone ukuthi imfuyo yakho inomphe me ofanele wokukhosela, noma ungazakhela umpheme. Mayelana nesomiso, uyalulekwa njalo ukuba wakhe ibhangi lokudla phecelezi – *fodder bank* ukuze wondle umhlambi wakho oyisisekelo okungenani unyaka wonke. *I-fodder bank* ingaqakatha *i-silage*/noma ihoyi noma ukudla okutshaliwe okufana *ne-prickly peats* noma *i-salt bush*. Kungaba yithuba elihle ukuba *ne-fodder* eyanele ukondla umhlambi wakho ngezikhathi ukudla kushoda.

## ISIPHETHO

Isiphetho, ukuguquka kweklayimethi kanye nezinlekelela ezihambisano nako kubukeka njengokunobungozi ubukhulu kakhulu obubhekene nabalimi ngesikhathi esizayo. Njengomlimi kufanele ubhekane nenselelo futhi ukwazi ukulawula lezi zingozi ngokufanele ukuze uphile. ■

# Ku-NAMPO

## - kwembulwa imfihlo



**N**GENKATHI LIVAKASHELE I-NAMPO HARVEST DAY OKOKUQALA, ISEKELA LIKANGOONGQOSHE WE-ZOLIMO, AMAHLATHI NEZOKUDOLA, USFISO BUTHELEZI, UCHASE LO MBUKISO UWEHLUKILE WOHWEBO NJENGEMFIHLO YOMKHAKHA WE-ZOLIMO EGCINWE KAHLE KAKHULU. UTHE WONKE MUNTU WASENINGIZIMU AFRIKA ODLA UKUDLA KUFANELE AYIBONE.

E-Chile nase-Argentina – lapho abehambele khona imibukiso efuze lena – izwe lima nse kusekelwa abakhiqizi. ‘Angiqondi ukuthi yingani kunge-nzeki lokho nalapha eNingizimu Afrika,’ engeza.

Uma ungomunye wabantu abenza umehluko wokuvikeleka kokudla eNingizimu Afrika, okungenani kufanele uvakashele i-Harvest Day kanye empilweni yakho. Leli yithuba lokuzibonela mathupha ukuthi ezolimo ziyni nokuthi ikusasa lezolimo libukeka kanjani.

### INTO KAWONKEWONKE

i-NAMPO Harvest day akuyona eyabahwebi abangenisa inzuzu nabalimi abalima amasimu amakhulu, kodwa eyomuntu wonke onongqozi lwezolimo. Ngakho noma ungumlimi wezilimo noma wemfuyo noma unengadi encane yemifino futhi unephupho elikhulu lokukhula, le indawo okufanele uyivakashele.

Abalimi bayazi ukuthi imbewu yimpilo kanye nokuthi *i-cultivar* efanele ingenza umehluko omkhulu esivunweni sakho. Izinkampani ezahlukene zembewu zikhona nazo ukuzonika izeluleko nezincomo ngale kwendawo yakho okhiqiza kuyo. Amasaplaya azimisele ukugcina isilimo sakho sine-mpilo okubalwa kukho izinkampani kusukela kwezamakhemikhali nezikamanyolo kuye ekulungiseleni inhlabathi, izitshalo ezincane, ukufutha/ukufafaza, ukuvuna, impahla yokwenza amabhele nokunye okuningi.

Ngaphandle kwezinkumbi zabaufyi bezinkomo abakhulu nabancane embukisweni, ochwepeshe bokudla kwemfuyo nezempilo yazo baphromotha imikhiqizo yabo baphinde bakweluleke ngendlela yokugcina imfuyo yakho inempilo futhi ikhule. Emnye imikhiqizo ehambelana nemfuyo kubalwa kukho ukuphathwa kwempahla, amathuluzi phecelezi *apparatus* avimbela ukwebiwa kanye namabhande okuzibekisa nokunye okuningi okuzokugcina unentshisekelo.

### UKUKHOMBISA UKUTHI SEZITHUTHUKE KANGAKANANI EZOLIMO

Ukuvakashela kwa-*Engen Museum* kuzokukhombisa ukuthi isithuthuke kangakanani impahla yezolimo emashumini eminyaka. Nakuba ubuchwepeshe bakamuva nemishini efana ne-*precision farming*, esebezisa ubuchwepeshe be-GPS ukuqinisa ikhono nokuhiqiza kukhonjisiwe, yiningi impahla yabalimi abasebancane nayo ebeyibukiswa ngenxa yokuthi Ku-Harvest Day usayizi awusho lutho, ulimo into ebalulekile.

### AMATHUBA OKUNETHIWEKHA NABELANE NGOBUHLE NOBUBI

I-NAMPO yindawo ebalulekile yokuhlanganisa abantu ababandakanya noma abanogqozi kwezolimo. Ngezivakashi ezingaphezulu kwama-81 000 nakanjani izohlangana nomunye onezidindo ezifanayo nezakho nezinselelo, kanti ababukisi abangama-775 (njengoba bebekhona kulo nyaka) kuzokuni-keza amathuba amanangi okuthola izisombululo ezinkingeni zakho.

Amalungu e-Grain SA angaxoxa ngokuhle nokubi kwesizini edlule neyamanje nabanye abalimi ngenkathi bethokozela inkomishi yekhofi

**U-Louise Kunz, umbhalu wePula Imvula. Thumela i-imayili ku-louise@infoworks.biz**



elimnandi. Ehholweni lamalungu ungahlangana futhi nethimba lakwa-Grain SA mhlampe uthole nezeluleko kubona ozobuyela nazo emuva epulazini lokho.

### UBUCHWEPESHE NOKUCABANGA NGOKUSUNGULA KUDLA LUBI

Isitandi esidume ukweddlula zonke ku-NAMPO yilapho abalimi bebukisa khona ngamapulane abo abawenzile emapulazini abo. Kwesinye isikhathi kuyisixazululo esilula kakhulu emsebenzini wansukuzonke, kodwa kukhona labo balimi abacabanga bajule nabenza umehluko omkhulu emisebenzini yokulima kwabo.

Kwesinye isikhathi ipulane liholela ebhizinisi ni elikhulu njengo-Michris Jansen van Rensburg owakubona lokho. U-Michris udume kakhulu kubalimi abancane phecelezi *i-small-scale farmers*. I-Backsaver Equipment yakhe ithathe ukulima kwabalmi abancane yababeka kwelinje izinga. Ukuvakashela endaweni adayisela kuyo kuzokuthokozisa.

### AMATHUBA OKUDLA, INJABULO NESITHOMBE

Nakuba kunjalo, i-NAMPO Harvest Day akuyona indawo yokwenza ibhizinisi kuphela. Maningi kakhulu amathuba okuthatha amaselfi, okubona imibukiso ekuthokozisayo, ukudla izibiliboco kanye nokuzithokozisa. Usuku Iwe-Harvest Day ka-2020 selunqunyiwe: Umhla ka-12 kuya ku-15 Meyi. Asibonane khona!



*Ukwengeza ezindawo zokudayisela ezimile, uzobona kugala ukuthi ama-cultivar ahlukene noma kanjani ngaphansi kwezimo eziphethkayo emaplotini embewu. Izithunywa ezinolwazi zikulungele ukunikeza iminininingwane ngama-cultivar abo ahlukene.*



*Imibukiso yokugundwa kwezimvu okwenziwa abagundi abavela kwamanye amazwe.*




*Ikusasa labalimi abancane abanogandaganda babo – konke kuku-implimenti eyodwa. Ifulemu efanayo iyasetshenziswa ukuripha, ngaleso sikhathi amazinyo okuripha ayakhishwa, bese kuthi ikalishi le-planter lixhunyelwa ukutshala. Emva kwalokhu ikalishi lingasuselwya ukwenza i-top dress nesikolofela phecelezi i-skoffel.*



*Isithombe esithathwe ngekhamera ehamba phezulu phecelezi i-aerial view kuNAMPO Harvest Day ka-53<sup>rd</sup> eyaqala ngomhla ka-14 kuya ku-17 Meyi kulo nyaka.*




*Imfuyo ibonakala inethezekile ezibayeni ezhlanzekile nangesikhathi sombukiso efana neyase-Chianina, okunye yezindawo ezindala nezinkulukazi ezifuye izinkomo emhlabeni.*



*Ukabaluleka kwezingubo zokuvikela emsebenzini yokulima kuthola ukukhulu ukunakwa. KwaNAMPO amasaplaya angakunikeza izingubo ezifanele nempahla yokuvikela.*



*Izingane zesikole (nabantu abadala) ibavusela ugqozi lemibukiso.*



# PULA IMVULA

Ku-NAMPO...



## Ithimba labahleli

### GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

46 Louw Wepener Street  
1st Floor  
Dan Pienaar  
Bloemfontein, 9301  
■ 08600 47246 ■  
■ Fax: 051 430 7574 ■ [www.grainsa.co.za](http://www.grainsa.co.za)

### UMHELEI OMKHULU

Jane McPherson  
■ 082 854 7171 ■ [jane@grainsa.co.za](mailto:jane@grainsa.co.za)

### UMHELEI UKWABA

Liana Stroebel  
■ 084 264 1422 ■ [liana@grainsa.co.za](mailto:liana@grainsa.co.za)

### UMLINGANI WEZOKUSHICILELA

INFOWORKS  
Johan Smit ■ Ingrid Bailey ■ Marisa Fourie  
■ 018 468 2716 ■ [johan@infoworks.biz](mailto:johan@infoworks.biz)



## Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

### ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel  
Free State (Ladybrand)  
■ 079 497 4294 ■ [johank@grainsa.co.za](mailto:johank@grainsa.co.za)

### Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)  
■ 084 604 0549 ■ [jerry@grainsa.co.za](mailto:jerry@grainsa.co.za)  
■ Office: 013 755 4575 ■ Smangaliso Zimbili

### Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
■ 082 354 5749 ■ [jurie@grainsa.co.za](mailto:jurie@grainsa.co.za)  
■ Office: 034 907 5040 ■ Sydwell Nkosi

### Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)  
■ 082 650 93157 ■ [dundee@grainsa.co.za](mailto:dundee@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 816 8069 ■ Nkosinathi Mazibuko

### Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad)  
■ 083 730 9408 ■ [goshenfarming@gmail.com](mailto:goshenfarming@gmail.com)  
■ Office: 039 727 5749 ■ Luthando Diko

### Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)  
■ 084 264 1422 ■ [liana@grainsa.co.za](mailto:liana@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 816 8057 ■ Hailey Ehrenreich

### Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)  
■ 082 877 6749 ■ [dutoit@grainsa.co.za](mailto:dutoit@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 816 8038 ■ Lebo Mogatlananyane

### Sinelizwi Fakade

Mthatha  
■ 071 519 4192 ■ [sinelizwifakade@grainsa.co.za](mailto:sinelizwifakade@grainsa.co.za)  
■ Office: 012 816 8077 ■ Cwayita Mpotyi

### IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,  
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,  
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.



Izivakashi eziphuma kwaphandle ngaphandle kwezwe laseNingizimu Afrika ahlangano Leliqembu labalimi lisuka eZambia naseZimbabwe.



I-Allis Charmers kusukela ngo-1949. Lokhu nokunye okuningi okungamamodeli akudala okungabonwa ku-Engen Tractor Museum eNAMPO Park.



Ogandaganda i-Case's JXT alungele amapulazi amancane. Le-Case JX45T enamavili amabili eshayelwayo yimodeli elula, ithembekile futhi iyonga futhi ingaphezulu kakhulu kokulindelekile kanti iyawugcina uphethiloli.

U-Michris ungumphathi wama implimenti aphathwa ngesandla ukusiza abalimi ukuba bonge ngokulima manyawi. Angaphezulu kwe-10 000 ama-Backsaver angama-planter esandla asesebenza. ■

WORDS OF  
WISDOM



You get to decide where your time goes. You can either spend it moving forward, or you can spend it putting out fires. You decide. And if you don't decide, others will decide for you.

~ TONY MORGAN



THIS PUBLICATION IS  
MADE POSSIBLE BY THE  
CONTRIBUTION OF  
THE MAIZE TRUST

MADE POSSIBLE BY  
THE MAIZE TRUST